**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMHLANGANWENI KAZIBAMBELE NGOMHLAKA 17 MARCH 2008**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Ukuza kwethu lapha namhlanje kusho ukusebenza ngokubambisana kwalo hulumeni ukuqinisekisa ukuthi izimpilo zabantu zenziwa ngcono. Ikusasa labo lingafani nayizolo.

- Imizamo kaHulumeni wethu yokulwa nobubha isiyaziwa ezweni lonke manje. Kusukela kule minyaka edlule silokhu siyivula njalo iminyango yezomnotho ngokusebenzisa izinhlelo zethu zodumo ezilwa nobuphofu ezindaweni zasemakhaya.

- Umthethosisekelo waseNingizimu Afrika uhlinzeka abesifazane bonke ngamalungelo nokulingana. Umthetho uyasiphoqa ukuthi siqinise imizamo yethu yokufukula abesifazane kwezenhlalo nomnotho.

- Siyazi ukuthi eNingizimu Afrika abantu abampofu kakhulu batholakala emizini ephethwe ngabesifazane. Angidingi ukulokhu ngikhipha izibalo ngezibalo eziveza inkinga ebhekene nabesifazane basemakhaya noma omama ababheke imizi.

- Yingakho sasungula uhlelo lukaZibambele olusikhombisa kahle indima esesiyihambile ekufukulweni kwabesimame ikakhulukazi basemakhaya.

- Umgomo wethu uthi osonkontileka bakaZibambele kumele bakhethwe ngokwezinga lobuphofu emphakathini kuphela, hhayi ngokuthi bangabaliphi iqembu lezepolitiki.

- Uhlelo lwethu lukaZibambele luthathwa njengolungcono eNingizimu Afrika. Asikwazi-ke ukuvele sihlale phansi sivumele uZibambele uphazanyiswe izindlela okusebenza ngazo eminye imikhakha kahulumeni. Kumele sikuqaphele ukuthi iNingizimu Afrika yonke ilokhu ithekela kuthina.

- Ngithintwe osonkontileka bakaZibambele eNgwavuma mayelana nokuncozulwa kwemali yempesheni yabo okwenziwa nguSASSA. Bebekhalala ngokuthi abasazi isizathu salokhu.

- Ngonyaka ka-2004 uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi wenza uhlelo lokulwa nokukhwabasina nenkohlakalo kwezenhlalakahle. Enye yezinto kwaba ukuhlanganisa imininingwane ekwiSocial Pension System (SOCPEN) nePersonnel Salary System (PERSAL) ngenhloso yokuthi kutholakale abasebenzi bakahulumeni abathola izimpesheni kungafanele.

- Kube sekwenziwa uhla lwabasebenzi bakahulumeni abathola izimpesheni lwathunyelwa emahhovisi wonke ukuba aphenye, akhiphe abangafanele ukuhola, abuyise leyo mali uma kufanele bese kuvuselelwa kahle i-SOCPEN. Ekwakhiweni kwalolu luhla noZibambele abasalanga ngaphandle.

- Sesibe nemihlangano noSASSA savumelana ngokuthi iminyango yomibili izosebenzisana ukulungisa izinkinga ezibhekene nosonkontileka bakaZibambele.

- Ophenyweni olwenziwe kutholakale ukuthi akulandelwanga kahle imigomo ebekwa umthetho, okuholele ekutheni kuthathwe imali okungafanele ithathwe kubantu abaholayo.

- Sekumisiwe ukuthathwa kwale mali kanti imali efanele abantu bazoyithola ngo-April 2009 ngoba impesheni kaMarch isilungiswe yathunyelwa ezinkampainini eziholelayo. Imali uhulumeni ayikweleta abantu isibaliwe kanti izokhokhwa yonke ngomholo ka-April 2009.

- Ngiyajabula ukusho ukuthi indawo yaseNgwavuma isinoZibambele abangu-821. Labo sonkontileka sebesungule ama-saving club asekwaze ukuqoqa ngokuhlanganyela imali engu-R 232 039.08 ngokwezibalo zika-January 2009. konke lokhu kukhombisa amandla abantu abampofu, ikakhulukazi abesifazane, uma kukhulunywa ngokonga imali.

- Lo hulumeni uzibophezele ekuthuthukisweni kwemiphakathi empofu kulesi fundazwe. Ngakhoke asikwazi ukubekezelela izenzo eziphambana namalungelo abantu bakithi abampofu

**Ngiyabonga**